

POETRY PORTFOLIO:

IZIYALO

and

MINI-DISSERTATION:

REIMAGINING THE POETRY OF B.W. VILAKAZI AS THE SOCIAL TOOL FOR
'UKUXWAYISA' (DETERRENT) AND PROTEST.

MENZI ZAMOKWAKHE THANGO

19397382

submitted in fulfilment of the requirements

for the degree of

MASTER OF ARTS

in

CREATIVE WRITING

In the Faculty of Humanities at the

UNIVERSITY OF PRETORIA

SUPERVISOR: PROFESSOR N.B. ZONDI

September 2021

Table of Contents

Declaration	4
Acknowledgements	5
Abstract	6
1. POETRY PORTFOLIO	
Isethulo	8
UMdali	12
Igazi	13
Ubuqhophololo	14
Umoni	15
Muntu wakithi	16
Khangeziwe	17
Umqhele wameva	18
Lusha amashushu	20
Emangcwabeni	21
Makholwa!	23
Lafa izwe	24
Isilonda seminyaka	25
Uthando	27
Impatho	29
Ngikubhekile	30
Kwanyama kayipheli	31
Uzalo	33
Mcindezeli	35
Futhi bakithi!	36
Izintaba zaseQwaQwa	39
KwaZulu	40
UMbola Ongashi	41
Emadwaleni	42
Imbewu	44
Kulukhuni	46
Ngifisa ukwazi	47
Iqola	48
Uyadela Dade!	49

Mfundisi.....	50
Waguga mhlaba.....	51
Sgelekeqe	52
Ukuba Ngiyazi.....	53
Ngonile	54
Siphephelo Sami	55
Impisi	56
Ubulwane	57
Mthakathi Ndini!	58
Gawula ubheke!.....	59
Imbuyiselo	60
Isehlukaniso	61
Isihlava	62
Kugug' othandayo	64
Ziyabushosha	65
Kuphelile	66
2. MINI-DISSERTATION	67
REIMAGINING THE POETRY OF B.W. VILAKAZI AS THE SOCIAL TOOL FOR 'UKUXWAYISA' (DETERRENT) AND PROTEST.....	67
Chapter 1.....	68
1 Introduction and Background.....	68
Chapter 2.....	82
2. The life and times of B.W. Vilakazi and his poetry.....	82
Chapter 3.....	96
3. The relationship between the poet as a member of society and his poetry	96
Chapter 4.....	110
4. Conclusion.....	110
Bibliography.....	120

Declaration

I, Menzi Zamokwakhe Thango declare that the collection of isiZulu poems '*Iziyalo*' and the mini-dissertation '*Reimagining the poetry of B.W. Vilakazi as the social tool for 'ukuxwayisa' (deterrent) and protest*' are my own work and that all the sources that I have used have been acknowledged by means of complete references.



Date: September 2021

Menzi Z. Thango

Acknowledgements

I wish to extend my gratitude to:

God Almighty for giving me brains and willpower to conduct this study;

My supervisor, Professor Nompumelelo Zondi, for your thoughtful guidance that has truly made a positive difference to my writing. Your suggestions, patience and encouragement made this master's an enjoyable and rewarding experience, which I feel privileged to have had. *Ngithi kuwe, unwele olude Nondaba, Gagashe! Akwande!*

Professor David Medalie, the Director of the Unit for Creative Writing, for your continued support and guidance in the Creative Writing program.

I dedicate this body of work to my mother, MaShandu, my wife, MaMkhize and my sons, Aphile, Mfundo, Sbonokuhle and Lubanzi. *Ngibonga ukungibekezelela kwenu, ngokuthatha isikhathi senu ukuze ngenze lo msebenzi.*

Abstract

This study consists of two parts. The first part was the creative writing component (poetry portfolio) which entailed a manuscript of forty-five isiZulu poems written by the researcher of this study/project. The poems found in the creative component dealt with several themes; among them were themes on culture, Ubuntu, love, awareness, protest, and nature. These themes resemble the themes found in the poetry of B.W. Vilakazi. The title of the creative component, '*Iziyalo*' (to raise awareness and rebuke), speaks to the dissertation. The creative component was aimed at warning and alerting society about critical social matters and protest. For example, the poem, '*Makholwa*' (Believers), is critiquing how churchgoers/believers conduct themselves in places such as churches, at weddings, in terms of family affairs, and at funerals.

The second part of this study was the mini-dissertation wherein the study analysed selected poems from the two anthologies of B.W. Vilakazi, namely *Inkondlo kaZulu* (1935) and *Amal'ezulu* (1945). The dissertation examined the poetry of B.W. Vilakazi as a social tool for '*ukuxwayisa*' (deterrent) and protest. The emphasis was on the term '*ukuxwayisa*' thus it is the only one translated in the title while the term 'protest' is not translated into isiZulu. This was aimed at showing the reader that there is a link between '*Iziyalo*' and '*ukuxwayisa*'. The term '*Iziyalo*' was used for the poetry portfolio and the term '*ukuxwayisa*' for the mini-dissertation. Therefore, this shows that there is a synergy between the poetry portfolio and the mini-dissertation. Most of the poems found in the poetry portfolio and in both poetry collections of B.W. Vilakazi carry the same message, which is to rebuke society. The poems analysed in the mini-dissertation incorporated several themes, among which were protest poetry, culture, tradition, Western influence and the influence of the Romantic poets in Vilakazi's poetry. Moreover, this study found that B.W. Vilakazi was inspired by the ancestral spirits to become a poet (*imbongi yesizwe*). He was a traditional and cultural poet who never wanted to lose himself. For instance, when he arrived in Johannesburg, he was not happy to be in the city. He missed his rural life. Moreover, B.W. Vilakazi was the voice of the voiceless because he was advocating for the rights and dignity of black people in the mines and in society. Furthermore, the study ascertained that Vilakazi's poetry was influenced by the Romantic poets. This is evident in his poem entitled '*kwaDedangendlale*' ('In the Valley of a Thousand Hills'). Furthermore, there is a

synergy between some poems found in the collection (poetry portfolio) and the poetry of B.W. Vilakazi which were analysed in the mini-dissertation. Both the poetry portfolio and B.W. Vilakazi's poetry share themes which speak to protest poetry, nature, love, culture and traditions.

Benedict Wallet Vilakazi was not just an ordinary writer but the pioneer of isiZulu modern poetry and literature. Vilakazi was the first to write and publish modern Zulu poetry. This study's main aim was to analyse the poetry of Benedict Wallet Vilakazi with a focus on what was happening in the country at the time of his writing and how his poetry remains relevant in our contemporary times. The main argument of this study was that his poetry reveals a man who lived in two worlds: that is, the world of African tradition and that of Western influence.

Key terms: Reimagining, protest poetry, B.W. Vilakazi, traditions, culture, social ills, Romantic poets.

Isethulo

Leli qoqo lezinkondlo ngilethula ngokukhulu ukujabula nokuzithoba. Ngibonga kakhulu uMdali ngokungipha umfutho nomqondo wokuloba lezi zinkondlo ezikuleli bhuku. Ngiyethemba uzozithokozela lezi zinkondlo. Leli qoqo lezinkondlo zesiZulu liqukethe izinkondlo ezidingida izihloko eziningi ezithinta indlela okuphilwa ngayo esikhathini samanje, ukuphela kobuntu ebantwini, ubudlova, ubugebengu, ukuchitheka kwemizi nemishado, uthando, imfundo kanye nezinye izihloko ezingqala. Lezi zinkondlo zigcwele kakhulu umuzwa wokukhuthaza, wokuyala, wokukhuza kanye nezinye ezivula umqondo nezakhayo. Kunezinkondlo ezikhuluma ngothando, imikhuba eyenziwa abantu besilisa nabesifazane bezifihla ngaphansi kwegama lothando. Kwexwayiswa kakhulu abesimame asebephenduke okhamisa ngithele befuna ukusetshenzelwa abantu besilisa ngendlela enokungathembeki kanye nokweba ingcebo yabo, baphinde bangathembeki kulabo abathandana nabo.

Isihloko sale ncwadi naso siyakufakazela lokhu uma sithi '*Iziyalo*', uzobona nawe mfundi uma ufunda lezi zinkondlo ukuthi eziningi zazo ziqukethe iziyalo nezexwayiso mayelana nendlela osekuphilwa ngayo kulesi sikhathi samanje. Kuphinde kubekhona nezinkondlo ezikhuza ukuhlukumezana kwabantu abashadile, abathandanayo, abefundisi bamasonto abaphume endleleni kanye nokuhlukunyezwa kwezingane.

Lo msebenzi wehlukene iminxa emibili, umunxa wokuqala liqoqo lezinkondlo zesiZulu, owesibili lucwaningo ngomsebenzi ka-B.W. Vilakazi. Lolu cwanningo lubheke kakhulu imisebenzi yezinkondlo ka-B.W. Vilakazi okungamaqoqo amabili, *Inkondlo kaZulu* (1935) kanye nelithi *Amal'ezulu* (1945). Izinkondlo eziseqoqweni lami elithi '*Iziyalo*' kanye nezinkondlo zika-Vilakazi zinakho ukuhlobana okuthile. Okokuqala nje, yikho ukuthi zidingida izindikimba zokubhikisha noma ukulwisana nezimo-mpilo emphakathini, izimo ezifana nokucindezelwa komuntu ompisholo, ukusebenza ngaphansi kwezimo ezinzima ezimayini nasemafemini, ukusebenza kwagobiqolo, ukulahlwa kwamasiko, ukuphela kobuntu, ubuhle bemvelo, ububha, ubugebengu, njll. Ukwenza isibonelo, enye yezinkondlo ezivela eqoqweni lezinkondlo '*Iziyalo*',

esihloko sithi 'Makholwa', icubungula indlela abantu abasontayo / abakholwayo abaziphatha ngayo ezindaweni ezifana namasonto, emishadweni, ngokwezindaba zomndeni, nasemingcwabeni. Le nkondlo iyahlobana nenkondlo kaVilakazi ethi 'Izinsimbi zesonto'. Kule nkondlo uVilakazi wexwayisa abantu ngezimfundiso zabafundisi bezenkolo yobuKhristu. UVilakazi lapha ugxeka kakhulu izimfundiso zenkolo yobuKhristu ngokuthi ziyedukisa, zedukisa abantu ekutheni balahle amasiko abo. Uma ngibheka inkondlo kaVilakazi nalena ethi 'Makholwa', ngizibona zombili zikhuza imikhuba yesimanje esithe chithi saka. Emingcwabeni akusangcwatshwa ngendlela okwakungcwatshwa ngayo kwaMadala eJuteni kepha abantu sebelahle isintu bathatha izinto zabokufika kwaba yizo abaziqhakambisayo. Asisekho isizotha uma kufihlwa umuntu osendele kwelaphakade, sekusha ingevu sengathi kusesipotini. Ubuntu abusekho, sekusabalele imikhuba.

Lezi zinkondlo ezilandelayo ziqukethe indikimba efanayo naleyo evame ukudingidwa ezinkondlweni zikaVilakazi okuyindikimba yezothando lwemvelo kanye nethonya lezimbongi zaseNtshonalanga. Lezi zinkondlo zincoma ubuhle bemvelo. Inkondlo ethi 'KwaZulu' incoma ubuhle bedolobha lasoNdini. Ubuntu babantu bakhona kanye nezintaba zakhona ezihleleza umoya opholile. Sizwa imbongi ithi 'kuheleza umoya opholile, kuheleza umoya wobuntu, kuheleza umoya wothando, kuheleza umoya wesintu, kuheleza umoya wokubambisana'. Inkondlo ethi 'Umbola Ongashi' yona itusa umfula wendawo yaseNkonjeni esigodini sakwaNomdiya, khona belu endaweni yasoNdini. Imbongi ithi lo mfula awushi, uyimpophoma egeleza njalo. Ubunjalo balo mfula abupheli. Imbongi iphinde income ubuhle bezintaba zaseQwaQwa. Ithi lobu buhle bungafaniswa nobuhle bentokazi. Uthi uvuka ekuseni ubona zona izintaba, zinkulu ngendlela eyisimanga. Lezi zinkondlo ziyafana nezinkondlo zikaVilakazi ezihlaziywa ocwaningweni. Inkondlo kaVilakazi ethi 'kwaDedangendlale' idingida umqondo ofanayo nalona odingidwa enkondlweni ethi 'Izintaba zaseQwaQwa'. Zombili lezi zinkondlo zitusa ubuhle bezintaba. Ngakho-ke, izinkondlo ezitholakala eqoqweni elithi '*Iziyalo*' ziyahlobana nezinkondlo zikaVilakazi ezihlaziywe ocwaningweni. Lezi zinkondlo zihlanganisa izingqikithi eziningana, phakathi kwalezo yizingqikithi zezinkondlo zemibhikisho/zokukhononda ngokuthile okwenzeka emphakathini, ukulahlwa kwamasiko, isiko, ithonya

laseNtshonalanga kanye nezimbongi zothando eziphinde zibe nethonya ezinkondlweni zikaVilakazi.

PART ONE

1. POETRY PORTFOLIO

TITLE: *IZIYALO*

The following poems form part of the body of work for the MA Creative Writing. In this instance, the poetry portfolio is named as the first part of this body of work. The first part is the creative writing component (poetry portfolio), which entails a manuscript of forty-five isiZulu poems written by the researcher of this study/project. The poems found in the creative component deal with several themes. Among them are themes on culture, Ubuntu, love, awareness, protest, and nature.

Aim and rationale of poetry portfolio

The aim of this portfolio was for the researcher of this study to demonstrate his creative writing skills and link the creative component with the research component. The structure of this dissertation, which has two parts – part one being the poetry portfolio and the second part being the mini-dissertation – is the requirement for the MA Creative Writing. However, the author/researcher of this study decided to create poems which speak to the themes covered in the poetry of B.W. Vilakazi. The main reason for this, is that the researcher is fond of the poetry of B.W. Vilakazi, ever since he was at school. Hence, the title of the poetry collection, '*Iziyalo*' is aligned with the title of the dissertation, in terms of the term '*ukuxwayisa*'. Both these terms provide the core message, which is to rebuke, and/or raise awareness on certain societal issues or matters.

The title of the creative component, titled '*Iziyalo*' (to raise awareness and rebuke), speaks to the dissertation title. The creative component was aimed at warning and alerting society about critical social matters and protest. For example, one of the poems from the collection of poems, entitled '*Makholwa*' (Believers), is critiquing how churchgoers/believers conduct themselves in places such as churches, at weddings, in terms of family affairs, and at funerals.

UMdali

UMdali wezinto zonke,
Konke kwavela Ngaye,
Konke kuvela Kuye,
Akaguquki kulokhu ayikho.

UMdali usithanda sonke,
Akekho ozondwayo,
Usidale ngokwehluka,
Sehluke ngebala:
Kukhona abamnyama;
Kukhona abamhlophe;
Sehluke ngezilimi:
Kukhona abakhuluma isiNgisi;
Kukhona abakhuluma isiZulu;
Kukhona abakhuluma isiXhosa;
Kukhona abakhuluma isiSwati;
Kukhona abakhuluma isiNdebele;
Kukhona abakhuluma olwaBathwa;
Kukhona abakhuluma iSipedi;
Kukhona abakhuluma isiSuthu;
Kukhona abakhuluma isiTswana;
Kukhona abakhuluma isiTsonga;
Kukhona abakhuluma isiVenda;
Kukhona abakhuluma ngezandla,
Kepha sonke sivela Kuye,
Akekho ongcono.

Pho okwani ukucwasana?
Ngoba sonke sidalwe ngenjongo eyodwa,
Akekho ozidalile,
Yilowo unegalelo lakhe,
Komunye nomunye,
Akekho oziphilelayo,
Sonke siphila ngabanye,
Umuntu umuntu ngabantu.

Igazi

Linye igazi,
Alikho elingcono kunelinye,
Omnyama uyanikela ngegazi,
Lifakwe komhlophe,
Nomhlophe uyanikela ngegazi,
Lifakwe komnyama,
Pho okwani ukuzondana?
Komnyama nomhlophe,
Eyani inzondo?
Ngoba sivela ndawonye,
Simunye egazini,
Igazi leNkosi,
Yilo elisihlanganisayo,
Ngoba sonke sivela Kuyo,
Igazi layo lisisindisa sonke,
Alikhethi bala lamuntu,
Pho elethu lehluke ngani?

Ubuqhophololo

Kazi obani ubuqhophololo?
Uhola izizumbulu,
Kodwa aweneliseki,
Uthola amathenda,
Aweneliseki,
Uhlala nomntakabani,
Aweneliseki,
Udla emahhotela aphezulu,
Aweneliseki,
Udla intela yabasebenzi,
Aweneliseki,
Kazi waneliswa yini?
Waneliswa ukufa kwabantu?
Waneliswa yindlala esizweni?
Waneliswa ukuzibona umkhulu?

Empeleni nawe kawuzazi,
Wabona kwenziwa,
Nawe wase wenza,
Wabona kukuhle,
Ngoba kuzuza wena,
Okubuhlungu kubantu,
Kuwe kuyahlekisa,
Uza namaqhinga,
Amaqhinga aphelayo,
Engabe uza namaqhinga amahle,
Okwakha isizwe,
Kepha uza namaqhinga okuhlukumeza,
Ahlukumeza isizwe.

Umoni

Uyajabula moni
Ezakho ziyaziwa,
Zaziwa kwaMhlaba,
Zaziwa nakweliphezulu,
Yonke iminwe ikhomba kuwe,
Bonke bacasha ngawe,
Ngoba wena awufihli,
Ukona kwakho kusobala,
Insindiso iseduze kuwe,
Ngoba awuzifihli,
Awuzenzi ngcono ngabanye,
Angisho ukuthi kuhle okwenzayo,
Kuphela ngithi usizo luseduze kuwe.

UMdali uyakubona,
Awumfihlelanga lutho,
Awufani nabazenzisayo,
Abenza sengathi balungile,
Kanti bafihle ukonakala,
Bakhohlwe ukuthi akukho okufihliwe,
Okungayikwembulwa,
UMdali uyasho encwadini yakhe engcwele:
Ngiyokulandela moni,
Kuze kube phezu kwethuna.
Pho bazikhohliselani?
Labo abagiya ngezono zabanye,
Bakhohlwe ezabo,
Akekho olungile kwaMhlaba,
Sonke siyizoni,
Kuphela sona ngokwehluka,
Kwazise asikho isono,
Esikhulu kunesinye.

Jaji elikhulu,
Elingusiyazi,
Hlukana nokwahlulela,
Ngoba nawe uzokwahlulelwa,
Linye kuphela ijaji,
Yilowo owasidalayo,
Nguye owazi iziphambeko zethu,
Mina nawe siyizidalwa zakhe,
Yekela ukuzenza uMdali,
UMdali mbumbulu,
UMdali owonayo ukhona kambe?

Muntu wakithi

Vuka emaqandeni,
Uthe ufuna umsebenzi,
Wawuthola,
Ngakho sebenza,
Uyeke ubuvila,
Ucevuza izindaba,
Abantu badinga usizo,
Ezindabeni uhamba phambili,
Emsebenzini uza emuva,
Kanti uqashweleni?
Uholela ini?

Awukwazi ukukhuluma,
Abantu ubathatha kancane,
Ubakala ngamehlo
Kuhle kwamanzi okupheka ipapa,
Ukhohliwe ukuthi usebenza nje,
Kungenxa yabo,
Ubuvila bumi ngenhla,
Isikhathi senhlabakhefu,
Saziwa nguwe kuqala,
Esokubuyela emsebenzini,
Kawusazi nhlobo,
Uyadembesela nje.

Usuphendule isizwe sakithi inhlekisa,
Sesaziwa ngobuvila bakho,
Ukungathandi umsebenzi,
Ukwedelela amakhasimende,
Ukungakwazi ukukhuluma,
Ukulibala yingevu,
Ingevu yomshonisa langa,
Ngesikhathi somsebenzi.

Vuka uzithathe!
Uhloniphe umsebenzi,
Uthande abantu,
Ubasize ngenhliziyo emhlophe,
Yisona sinkwa sakho lesa,
Isinkwa sengomuso lakho,
Isinkwa sabantwana bakho.

Khangeziwe

Kuyoze kube yinini ukhangezwa?
Izandla zakho zikhubazekile yini?
Inggondo yakho ayisebenzi yini?
Amehlo akho awaboni yini?
Ingani indlela ibuzwa kwabaphambili,
Kungani ungabuzi uma ungazi?

Uyaphiwa aweneliseki,
Kunalokho ufuna ingalo yonke,
Kungani ungabongi?
Uyasizwa kaweneliseki,
Okufunayo ukufuna ngendluzula,
Uyalwa ushisa izakhiwo,
Ushisa imigwaqo,
Ujikijela abantu nezimoto,
Ucekela phansi impahla yomphakathi,
Ukhohliwe ukuthi uzoyidinga ngomuso.

Kungani ufuna ukwenzelwa konke?
Kungani ungazenzeli okufunayo?
Awufuni ukusebenza,
Kodwa okuhle uyakuthanda,
Bukela entuthwaneni vila ndini!
Uyeke ukukhononda njalo,
Sukuma uzenzele!
Impilo imnandi ngomvuzo wokukhandleka,
Usebenzele isinkwa sakho,
Usebenzele umndeni wakho,
Uhulumeni uthuthukisa umphakathi,
Hhayi ukuwenzela izinto zonke.

Umqhele wameva

Yekanini ukungazi
Impilo kayikhulelwa,
Impilo iyasetshenzelwa,
Ubani owathi omdala wazi konke?

Impumelelo iyajulukelwa,
Ikusasa lihle ngokujulukelwa,
Nawe zikhandle,
Ze uthole isinkwa sakho,
Isinkwa samachwane akho.

Uhlulwa abantwana abancane,
Abavuka ekuseni ngovivi,
Beya kwaMfundo,
Bevukela ikusasa labo,
Abalibona liluvindi,
Kepha baphikelele,
Behla benyuka,
Ngenxa yokomela ulwazi,
Ulwazi lwaphakade.

Imfundo iyisikhali,
Sokunqoba izinkinga zobuphofu,
Kunzima namhlanje,
Ukubona intsha,
Igcwele izinkalo,
Ifuna imisebenzi,
Imisebenzi engekho,
Bafundile laba bantu,
Bazuza imiqhele,
Yibo laba behlobile emakhanda,
Bethwele imiqhele yokunqoba,
Yokunqoba kwaNgqondonkulu.

Lapho bethi yalu yalu,
Befuna imisebenzi,
Lutho imisebenzi,
Usubona ngamabhodi emasangweni,
Elotshwe ukuthi: awukho umsebenzi.

Pho benzenjani?
Iziqu sezibanga umunyu,
Abanye sebezisola ngokufunda,
Babuka isikhathi abasichithile,
Abazali nabo bakhalela izimali,
Bakhalela iminyaka befutha umxhaka,
Babuka izingane zabo,
Zibhuqwabhuqwa yiminjunju,

Iminjunju yokungasebenzi,
Pho izovelaphi imisebenzi?
Ngoba nezwe lihlaselwe yinzikamnotho,
Kwabanye ubugebengu sekuyisisombululo,
Izidakamizwa sekuyisisombululo.

Qina idolo!
Ungabe usazisola,
Unqobile ngemfundo,
Thatha ikhono lakho,
Olizuze kwaNgqondonkulu,
Ulisebenzise,
Ungathembeli ekuqashweni,
Nawe ungaqasha,
Uvule amathuba emisebenzi,
Uzobathola abadinga umsebenzi,
Uzobathola abafuna ukufaka imali,
Ngaphansi kwebhizinisi lakho,
Bonela kwabanye,
Ukhule udlondlobale.

Lusha amashushu

Luyavutha bhe,
Luvutha amagalane
Insizwa yehluleka ukuzibamba,
Ayideli ukubona intokazi,
Pho ikhona nale ntokazi,
Ishaya ngezifaca,
Inyathela ngabantwana,
Inesineke.

Nensizwa yakhona,
Isukile egabadeni,
Uswahla lwensizwa,
Ishaya ngehwanqa,
Lezi zithandani,
Zimile zibhekene,
Yilowo uyamamatheka,
Bami ngaphansi kompheme wezimoto,
Izimoto zasemsebenzini,
Lapho kusebenza khona intokazi.

Insizwa ishiya lapho isebenza khona,
Izobona isingqazu sayo,
Isinqandamathe sayo,
Ayideli ukumbona ekhaya.

Uyadela wena,
Uthando lubuzwa kubo laba,
Abacikeki ukubonana,
Bedingida ezabo,
Ezasemnyangweni wezothando,
Lapho kufudumele khona,
Izisebenzi zakhona zihlale zimamatheka,
Ziconsa amathe,
Ungafunga ukuthi yizaguga
Zidla amaswidi,
Ubona ngokujuzwa kwamathe,
Kudliwa uju lodwa,
Kuyateketiswana,
Kubizwana ngoswithi,
Indoda endala ibizwa ngo-*baby*
Cha ngibheme ngakholwa,
Luhle uthando,
Kuhle lokhu engikubonayo.

Emangcwabeni

Kusho uhleko,
Kudliwa ingevu,
Yisikhathi sokubingelelana,
Akekho ozongcwaba,
Kuzoxoxwa ezamzukwana,
Umfundisi uyashumayela,
Abantu bayaxoxa,
Emakhaya bathe bazongcwaba,
Kuseyikho ukungcwaba lokhu?

Eyezingane angisayiphathi,
Uzibona zilunguza ethuneni,
Ungafunga ukuthi umbukiso,
Kanti umngcwabo nje,
Sasazi umngcwabo uhlonishwa,
Izingane zivalelwa endlini,
Abadala kuyibo abangcwabayo.

Namhlanje sekufana nomshado,
Sekuhlotshiswa sengathi umcimbi,
Ungafunga ukuthi ubulindelwe,
Kukhalwa kuvele unyembezi olulodwa,
Ubone nje ukuthi yinsambatheka lena,
Sekwenzelwa amehlo abantu,
Umuntu akhale sengathi yingane incwetshiwe,
Akhale azibhuquze phansi,
Kanti yimbuqo yodwa,
Inhliziyo ijabule,
Futhi iyanconcoza,
Ingani usehambile ukhathazile,
Uhlupho.
Umuntu obeyisithikamezo kuye,
Usezosala azibuse,
Azenzele umathanda.

Usubona emuva komngcwabo,
Ukuthi bekungakhalwa,
Bekujatshulwa,
Usubona ngo-*after tears*
Imikhuba esingayazi,
Yichilo phela leli,
Sekuphilwa impilo yobuhlathi,
Impilo yokungazazi,
Impilo yobuthatha,
Impilo yokuchanasa,

Zona izingubo ezimnyama zivelaphi?
Zisho ukuthini?
Ukufa ubumnyama?
O mhlawumbe,
Nakhu phela oshonelwe,
Naye uyagezwa
Emuva komngcwabo.

Ingabe sivelaphi lesi sinyama?
Bebhlala ndawonye laba bantu,
Bedla ndawonye,
Belala ndawonye,
Bethandana,
Manje isinyama singenaphi?
Besingekho besendawonye?
Usenesinyama ngoba eseshonile?
Cha kuyamangaza.
Ngichazeleni ngiqonde!
Ngoba ngiyakweshwama lokhu,
Kusha kimi!
Kusha kwabakwethu.

Makholwa!

Emasontweni yini,
Emishadweni yini,
Ezindabeni zemindeni yini,
Ekuxabaniseni yini,
Ekuhlebeni yini,
Ekuzondeni yini,
Ekudleni yini phambili,
Kudla nina kuqala,
Abanikazi bomcimbi
Bona abayilutho,
Abagqibayo emangcwabeni,
Bathola imvuthuluka,
Nina senishaye esentwala,
Nibekelwa amatafula aphezulu,
Ahlotshisiwe,
Abashonelwe bona?
Bazosala bedlani?
Ingani benizoduduza bona?
Nisaduduza njalo?
Benizokwelekela abashonelwe,
Kepha seniwumthwalo.

Izinhliziyi ziba zimbi,
Uma senibona ukudla,
Nikhetha iphela emasini,
Abangakholwa seniyababona,
Kepha emangcwabeni besisonke,
Siniculisa amaculo enu,
Sibambisene kumnandi,
Kwafika ukudla,
Yonakala indaba,
Kwavuka ukucwasana.

Makholwa hlanganani!
Yakhani isizwe,
Nisakhe ngobuqiniso,
Yekelani ubuqhalaqhala,
Yekelani ubugovu,
Thandani abantu,
Izwi likaNkulunkulu liyahlanganisa,
Kepha nina niyahlukanisa,
Niyabandlulula,
Nihlebana nodwa,
Nigugumba nokudla,
Nithi basale bedlani abasemanzini?
Nizicabangela nodwa,
Osingabo nithi bazozibona.

Lafa izwe

Izingane seziyadlubulundela,
Zenza umathanda,
Zivula amasango ziphume,
Zibuye ngesikhathi sazo,
Esikoleni othisha bathwele kanzima,
Bezwa ngezingane,
Kazi zibe zazini?
Ngoba emakhaya zithe zizofunda,
Ingabe kuseyikho?
Kuhakanjiswa ilungelo lengane,
Phezu kwelomzali,
Ingane ikhulela umzali,
Umzali aphenduke ingane,
Cha ngiyakweshwama okunje!
Ngigeza izandla.

Nxa konakele,
Kubhekwa umzali,
Kumele enzeni umzali?
Ngoba unqunywe izandla,
Enganeni yakhe ayizalayo,
Kugqama umthetho kaHulumeni,
Cha liyafa izwe,
Muva nje,
Sesizalela uHulumeni,
Kazi akazizaleli ngani?
Ngoba ezethu lezi zingane,
Kulandwa imikhuba yakwamanye amazwe,
Izokwenziwa lapha,
Sithi siyalungisa,
Kanti siyabhidliza.

Isilonda seminyaka

Yeka kuseyizwe lethu,
Sasilima sitshala,
Sidla izithelo ezimnandi,
Imvelo ibuzwa kithi,
Sibambene siyimbumba,
Engekho osola omunye,
Uma konakele,
Sibuyisana sodwa,
Sithelelane amanzi.
Sikhumelane umlotha.

Yonakala indaba,
Kwafika isitha,
Umxabanisi uqobo lwakhe,
Wasixabanisa sanukana sodwa,
Saphenduka inkukhu nempaka,
Bafika bazinza,
Ezweni lethu,
Basiguqula ukucabanga,
Sacabanga isikubo,
Saphila isikubo,
Okwethu sakubona ubuze,
Sakubona kuyimfivilithi,
Saphakamisa usikompilo lwabo,
Sayeka ukutshala,
Kwatshala bona,
Ushintsho salubona luyimpucuzeko,
Kanti siyalahla,
Namhlanje sekubuhlungu,
Uba bethi yibo yibo ekutshaleni,
Thina kasazi lutho ngokutshala.

Ungafunga ukuthi izandla asinazo,
Kanti sinazo,
Izifo zibuzwa kithi,
Ngoba asisadli okwakithi,
Sidla okwezifikanamthwalo,
Imizimba yethu imangele,
Imangazwa yilokhu esikudlayo,
Sizenza esingeyikho,
Nesingakudalelwanga.

UMdali wayazi,
Mhla esidala,
Ukuba mnyama,
Akusho ubumnyama,
Yibala nje
Esaliphiwa uMdali,
Inggondo iphelele,
Ayimnyama,
Ngakho-ke masizithande,
Sizamukele ubuthina,
Singazenyenzi,
Zingabi othathekile,
Sibambisane kwesikwenzayo,
Sibe yisizwe esisodwa,
Isizwe esiyimbumba,
Siyeke ukumonelana.

Yeseka omunye,
Ze nawe akwesekele kusasa,
Kwazise izandla ziyagezana,
Umona awubuyiseli,
Awunambuyiselo nhlobo,
Asivuke sizithathe,
Sithuthukisane sodwa,
Njengezinye izizwe.

Uthando

Luyini uthando?
Luthando uma kwenziwani?
Lubonakala kanjani?
Uma kuthandwana,
Ubani onothando?
Owesilisa noma owesifazane?
Uma kungowesilisa, uthanda kanjani?
Uthanda ngomlomo?
Uthanda ngezenzo?
Yiziphi lezo zenzo?
Umshado?
Umshado uyisisombululo sothando?
Nomaumphumela wothando?

Uma kungowesifazane othandayo,
Uthanda kanjani?
Ngokubheka imali?
Imali iyalwakha uthando?
Uma kungowesilisa othandayo,
Kepha evulela isibhaxu,
Uthando lolo?
Owesifazane uthanda kanjani?
Uma engathembekile?
Ebhanqa amadoda?
Imali kayilwakhi uthando,
Kepha inguvuvuzela njengosawoti.

Othandweni kuyabanjiswana,
Kuyaboniswana,
Kuvulelwana izifuba,
Kuyahlonishwana,
Akekho ovelela yedwa,
Kuyalekelelwana,
Ihlazo lomunye liyafihlwa.

Ubani owathi bonke abantu
Kumele bashade?
Ngoba umshado uvela kuMdali,
Umshado uyisibusiso,
Esingehleli wonke umuntu,
Umshado awulona ithikithi lothando,

Emhlabeni akufananwa,
Kukhona abaphiwe umshado,
Kukhona abangawuphiwanga,
Kukhona abacebile,
Kukhona abahlwempu,
Uma bengaceba bonke,
Akekho oyohlonipha omunye,
Uma beshada bonke,
Akekho oyofunda komunye,
Uma befunde bonke,
Akekho oyolalela omunye.

Uthando aluwona umshado,
Uthando lunguNkulunkulu,
Ukuthandana kusho ukwesaba uNkulunkulu,
Umshado uyisabelo
Esivela kuNkulunkulu,
Ngakho masithandaneni,
Njengezimvu zakhe uMdali.

Impatho

Kuphele impatho,
Kwasala ukudlobongela,
Insizwa kayisazazi ubuyona,
Sekusele ubuhuzu,
Imizi iphethwe ngamanga,
Izingane ziyakhala,
Umama uyakhala,
Kungena yena ngesango
Kubaleke amakati nezinja,
Esefikile umthakathi wezindaba.

Umama uzivalela ekameleni,
Izingane ziyocasha,
Umlisa ndini
Ungena ngezicabha,
Efuna ukudla angakuthenganga,
Uqhakambisa ubunumzane,
Ubunumzane obungasekho,
Umama uphithana ikhanda,
Ezama icebo lokwenza ukudla,
Phezu kwalokho,
Ungiyabonga akaziwa,
Kukhala isibhaxu,
Lingekho icala,
Umuzi uphethwe ngomshiza.

We mlisa ndini!
Awukho umuzi wewisa,
Awukho owakhiwa ngomshiza,
Wakhiwa ngothando,
Wakhiwa ngokubambisana,
Wakhiwa ngeqiniso
Wakhiwa ngokubekezelelana,
Wakhiwa ngokukhumelana umlotha.

Ngikubhekile

Noma ungangibuka,
Ngeke ungenze lutho,
Amehlo akho axoxa indaba,
Indaba yakwaMnyama,
Awungifiseli okuhle,
Ungiholela ophathe,
Ngezinkulumo zakho ezimbi,
Ufuna ukungiketula,
Udliwa umona.

Ngihlale ngizibuza,
Ukuthi ziyephi izandla,
Ngoba unazo,
Pho kawenzi ngani?
Ngoba uphiwe ingqondo,
Uphiwe izandla,
Noma zinqanyuliwe?
Uthi zinqamuke kanjani?
Ngoba okubi uyakwenza,
Uhlulwa yini ukwenza okuhle?
Uyakwazi ukucabanga okubi,
Uhlulwa yini ukucabanga okuhle?

Inhliziyo yakho ibolile,
Uyofela kwasihogo,
Uyofa ushunqa.

Kwanyama kayipheli

Bathi kukwanyama kayipheli,
Kuphela amazinyo endoda,
Inyama ibiza kahle,
Inyama zinsada,
Akusikho ukudla,
Nxa yona ingekho.

Zishintshile izinto,
Kwakukudala lapho,
Inyama isachithiwe,
Namhlanje inyama iyabiza,
Isidliwa omntakabani,
Isidliwa yizimpunyela,
Abampofu bayigcina ngephunga.

EGoli kwamntanami wendelephi na!
Ezweni lobuqhoboka,
Ezweni lezintandane,
Ezweni loguluva,
Kwabugebengu kabupheli,
Kuphela impilo yomuntu,
Abukho ubuntu,
Umuntu udliwa ebhekile,
Athathelwe okungokwakhe,
Ngaphandle kwemvume.

Namantombazane awabhedile,
Avutha bhe,
Alutha abafana nxa zonke,
Nokungabafana othathekile,
Bathatheka kalula,
Umfana ushiya kubo,
Ayokondla kubo kwentombi,
Akhohlwe yikubo,
Aphenduke usibali-makoti,
Akhohlwe yizingane zakhe,
Adliwe asale enganalutho,
Ahloniphe aze ahloniphe nenja yakhona,
Kudliwe umuntu,
Kudliwe imali yomuntu.

Vuka sithothobala!
KuseGoli lapha,
Sebenza usebenzele ekhaya,
Ungazodlala amantombazane,
Awafuni ukusebenza,
Athanda izinto,
Athanda ubucwebe,
Athanda impilo ephezulu,
Kodwa ayavilapha,
Afuna okuza kalula,
Awafuni nokufunda,
Kodwa afuna abafundile,
Ungamthini umuntu onjalo?
Umuntu onjani lowo?

Uzalo

Kubhekenwe ngeziqu zamehlo,
Impi isesendeni,
Umama ulwa nobaba,
Izingane ziklwebhana zodwa,
Akwaziwa okubangwayo.

Okuhle kuyabaxabanisa,
Okubi kuyabahlanganisa,
Owehlelwe umshophi,
Uyaduduzwa,
Ovelelwe okuhle useyisitha,
Kuliwa naye,
Uma eshada,
Kuzanywa amaqhinga okubhidliza,
Ubaba umisa umshado,
Ethi ingane yakhe isencane,
Hhayi ngoba incane,
Kuvinjwa okuhle,
Ungafunga ukuthi ifuyiwe,
Ungafunga ukuthi iyathandwa,
Kanti izondelwa ukufa.

Omnewabo yibo izitha kuye,
Bafuna afane nabo,
Bafuna ahlupheke,
Impilo yakhe ime nse,
Aphenduke umquba ekhaya,
Aphenduke umhambuma,
Kuhle kohlanya lwendawo.

Abayesweli into yokuxabanisa,
Abazwanayo kabafuneki,
Bayaxatshaniswa,
Omunye atshelwe okubi ngomunye,
Baqanjelwe amanga,
Ze bezoxabana.

Ingene wena,
Uthi uyalamula,
Izosala nawe,
Bakubize ngexoki,
Bakujikele,
Bahlangane ngawe,
Ngoba bethakasela ingxabano,
Kabalufuni ubumbano,
Kabalufuni uzwano,
Kungamane kuphume isidumbu,
Kunokuba kuxolelwane,

Kuphilwa esivumelwaneni esidala,
Isivumelwano seso ngeso,
Kuyaloywana,
Kudliwa umuthi othi thi,
Kuyagqunywa,
Kuyaphalazwa,
Lutho impumelelo,
Kuphumelela yena lo ozondwayo,
Bona lutho,
Bayimiphuphe,
Kabayindawo ngempilo,
Bangomahlalela bokugcina,
Okhamisa ngithele.

Mcindezeli

Ngiwa ngivuka.
Ngizama impumelelo.
Ngenza konke okusemandleni,
Ukuthatha imiyalelo,
Ngenze njengoba ungiyalela,
Ngibuyise okulungisiwe
Wena ukushaye indiva,
Ungicindezele.
Ushintsha njalo,
Eziphakamisweni zakho,
Ngiphenduke isiphukuphuku
Awuvumi amaphutha akho,
Amaphutha okungilahlekisa
Njengomphathi wami
Kujika kube yimi,
Wena uhlale umsulwa,
Ngoba nakhu ufunde kakhulu,
Ongiyalela khona ngiyakwenza,
Angisazi ukuthi ufunani,
Noma ufuna ngifeyile?
Noma ufuna ngikukhothamele?
Ngididekile kuyimanje.

Ngiyakubona usukhohliwe
Ukuthi konke kuvela kuMdali,
Impumelelo yami,
Kayincikile kuwe,
Uthanda ungathandi,
Ngizophumelela,
Uzosala ukhexe umlomo,
Mcindezeli ndini!
Uzicindezela wena,
Ucabanga ukuthi ulaya mina,
Kanti uzilaya wena,
Mina uyangakha,
Uzomangala sengiphezulu,
Ungazi ukuthi ngedlule kanjani,
Impilo injalo,
Ithatha osemsamu,
Imbeke emnyango,
Osemnyango imbeke emsamu.

Futhi bakithi!

Imikhuba siyayibona.
Wake wakuzwaphi lokhu?
Umuntu akhishwe ngomunye?
Bekuyini ukulinda?
Akusehlukanwa,
Umuntu ukhishwa ngomunye,
Kuqanjwe amanga,
Kudlalwe ngengane yomuntu,
Bahlangane ngayo,
Bavumelane ngayo,
Kuhlekwe,
Kube mnandi,
Bethi ushaywa ngesitini,
Nesitini singcono,
Ngoba siyaphihlika,
Ushawa ngembokodo nje,
Inguzunga yetshe,
Elingaphihliki,
Elikushaya kuzwele,
Ubuhlungu obulapho,
Usulahlwa
Ulahlelwa omunye,
Sebekubona izici,
Izici ebezingabonwa,
Ngenkathi kusemnandi,
Kusakhohliswana.

Omunye ubephephisela omunye,
Kwethukwe ngisho netshe,
Uma seliqhuzula omunye,
Kanti ikhohlisana ihlomile,
Alubonwa uthando,
Kudlalwa umacashelana,
Inkohliso yodwa,
Uyisibambiso sakhe,
Ulinde umuntu ngawe,
Ubalekela umzwangedwa,
Mhla wafika lowo muntu,
Ulahlwa phansi,
Udinsike okomthwalo,
Ulahlwa yimbongolo,
Usale unkemile,
Uncela isithupha,
Nabaya beyoshona,
Bebambene,
Beyozithokozisa,

Wena usale uziduduza,
Ukhala ezimathonsi,
Izinyembezi ziyagobhoza,
Yize kuthiwa indoda kayikhali,
Besho bekhuluma insambatheka,
Indoda iyakhala,
Umuntu nayo,
Inemizwa nayo,
Ikhala ukwedlula owesifazane,
Ikhalela uthando,
Yiyo enothando phela,
Owesifazane uyathandwa,
Akathandi,
Uyaqonyiswa,
Aqome,
Unikezwa uthando,
Alwamukele,
Alunakekele.

Umdatshukelwa

Uyolokhu udatshukelwa,
Kuyoze kube yinini?
Kungani ungazenzi?
Njalo nje uyakhala,
Wenza sengathi nguwe wedwa,
Okwazi ukukhala,
Sonke siyakwazi ukukhala,
Sithule kodwa,
Ngoba impilo siyayiqonda,
Ukuthi iyajulukelwa.

Pho-ke wena siyakwazi,
Yonke into iliphupho kuwe,
Udlala ngabantwana babantu,
Ufafuna yonke into,
Awuzenzi ngani wena?
Ngoba izandla unazo.

Uliqola, uqola izinsizwa.
Uzibekela usizi lwakho,
Ngoba uyazi uzodatshukelwa,
Kazi awudeli yini?
Uyenga abafana,
Wenze sengathi uyabathanda,
Kanti phinde!
Uthanda lokhu abanakho.

Ubachutha besale bempampatha,
Lapho awusabonwa,
Usuyobhubhisa phambili,
Ukhohlwe ukuthi impilo ayilona iphupho,
Akuyona le edlalwa kumabonakude,
Impilo iyimpilo ngokuhlonishwa.

Impilo iphatha kahle,
Lowo oyihloniphayo,
Uma udlala ngabanye,
Nayo izodlala ngawe
Bese uyakhala,
Uthi unamashwa,
Kanti phinde!
Aphume nobomvu.

Izintaba zaseQwaQwa

Yinhle indawo,
Igabe ngemvelo,
Yinhle ngezintaba,
Izungezwe yizintaba zoKhahlamba.

Yayinhle indawo,
Ubhle bemvelo,
Hhayi obekwenziwa,
Macala wonke yizintaba,
Eziluhlaza cwe,
Uvuka ekuseni,
Ubona izintaba,
Akusibo ubuhle lobu,
UMdali uyadala,
Njengegama lakhe,
Ngathi wayezibumba
Kuhle komuntu.

Zinhle okwentokazi,
Intokazi emhlophe qwa,
Uphuma langa sikothe,
Indoni yamanzi,
Inzalabantu,
Isimomondiya,
Uma ubone yona,
Ulala uphuphe kamnandi,
Uphefumule umoya omnandi,
Oheleza ezintabeni,
Eziheha okwentombi,
Iheha izinsizwa,
Ngobuhle bayo,
Obungapheliyo.

Izintaba ezinesithunzi,
EzikuJamela sengathi unecala,
Zikubuka uzizwe wonile
Sengathi uMdali uqobo,
Ekujamele ngamehlokazi akhe,
Amehlo emvelo,
Amehlo olaka,
Amehlo ayizimbulungakazi,
O ngiyazisa ngalezi zintaba,
Ezihlobise kwelabeSuthu,
Kuheleza umoya waseLesotho
Kushintsha umoya manje,
Liyidlive esikhaleni,
Izintaba zigcwale iqhwa,
Iqhwa elimhlophe qwa.

KwaZulu

Kwelakithi KwaZulu.
Ezweni lokhokho,
Ezweni elinegama nesibongo,
KwelikaMthaniya,
KwelikaPhunga noMageba.

Phezulu emagqumeni,
Phezulu ezintabeni,
Kuheleza umoya opholile.
Kuheleza umoya wobuntu.
Kuheleza umoya wothando.
Kuheleza umoya wesintu.
Kuheleza umoya wokubambisana.

Kwelakithi KwaZulu,
Ondini olumahlikihliki,
Amahlikihliki abonwa yiSilo uCetshwayo
Ubona ngamahlikihliki ezihlahla
Amahlikihliki ezakhiwo
Amahlikihliki amaqhugwane
Izinxuluma zakithi.

Kwelakithi Ondini,
Kudliwa ngenkezo,
Isintu siyancelwa,
Ulimi luyancelwa,
Inhlonipho iyancelwa,
Konke kuyancelwa,
Kuncelwa kuwo belu,
Umbele ogwansile,
Umbele kaZulu.

UMbola Ongashi

Ngizwa inhlokomo.
Ngizwa impophoma.
Ngizwa amanzi ehaza.
Ehaza ubusuku nemini.
Ngisho likhipha umkhovu etsheni,
Iyaqhubeka njalo le mpophoma,
Ihaze kuhle kwemvunge,
Kwehluleka ondlebezikhany'ilanga
Lapho bethi bazodonsa wona la manzi,
Lutho ukuphela nanamuhla lokhu,
Kwaphela umdlandla wabo
Umdlandla wokuzokweba okwakithi.

Le mpophoma ikubiza ukude,
Ithi woza kimi
Ikudonsa ngomoya omtoti
Umoya ototisa umzimba uphole,
Kuphele isifuthefuthe,
Kuphele umjuluko.

Izinsizwa nezintombi zihlanganela lapha,
Indaba iqala lapha, iphelele lapha.
Izinsizwa zigadla maqede,
Zihlambe khona lapha.
Izimayi nazo yiso lesu
Nazo ziphuza khona lapha,
Ziphuza maqede zetshise,
Zidansaze izisu kube njeyaya.

Umfula ongashi
Impophoma yangempela
Umondli wesizwe.

Emadwaleni

Yeka ngiseyiklume.
Ngisalingana nomvemve.
Ngingazi noma liyaphuma noma liyashona.
Kepha impilo isho ukungiqeda.
Isho ukungijjuqa,
Ngingazi engikonile emhlabeni.

La madwala ayefana nesiguqo kimi.
Lapho enganguqa khona,
Ngikhulume noMhlengi wami,
Ngangiya kuwo nginethemba
Ithemba lezimpendolo,
Ithemba losizo,
Ithemba lenjabulo.

Kuwo belu la madwala,
Amadwala akwaVezunyawo,
Emihosheni yezinkomo,
Lapho izwi lomemezayo,
Ngangilizwa ekujuleni komhlaba,
Ilanga lingihlabane kwenanele inhliziyo,
Eshayela phezulu.
Isithunzi sesihlahla
Kwakungathi yisithunzi somuntu.

Ngangidliwa okwakungidla,
Kuphela ngingakwazi,
Ngangidliwa yindlala,
Ngangidliwa yimicabango,
Imicabango yenhlupheko yakwaMhlaba,
Kuwo belu lawo madwala,
Izinyembezi zazigobhoza kuhle kwempophoma,
Kungekho ngisho nesikhongozelo,
Engangingakhongozela ngaso.

Ngangima kuwo la madwala,
Ngikhuleke kuSomandla,
Ngicele inyathuko,
Ngicele iziyalo,
Ngicele intethelelo,
Ngicele usizo,
Ngangidazuluka kwenanele inhlokomo,
Kube sengathi wona la madwala ayangizwa
Kanti phinde!
Ngangibona izimayi ziphekuzisa izindlebekazi zazo,
Kube sengathi ziyangizwa nazo,
Ngibuye ngizwe imayi ebhongayo,
Kube sengathi yizwi lomemezayo engiphendula,

Kanti yimi ngisemhlabeni wami,
Umhlaba wenhlupheko,
Umhlaba wosizi,
Umhlaba ononya nenjabhiso.

Imbewu

Nansi imbewu yesizwe.
Nansi imbewu yekhaya.
Insika yekhaya.
Idinga isandla esifudumele,
Idinga ukunakekelwa,
Idinga uthando,
Idinga isineke,
Idinga ukukhuliswa kahle.

Naso isihlava ezweni,
Nansi imfundisoze isabalele,
Qaphela mhlwanyeli!
Uhlwanyele emhlabathini ovundile,
Ungahlwanyeli edwaleni,
Ungahlwanyeli emeveni.

Nazi izinyoni zezulu zisabalele,
Zifuna le mbewu
Mama nawe baba,
Gcinani nansi imbewu!
Gcinani igugu lesizwe!
Niliphathe kuhle kwezikhali zamaNtungwa,
Siyeza isomiso,
Iyeza indlala.

Ngiyazisa ngesomiso esizayo,
Isomiso sokuphela kothando,
Isomiso sobuntu,
Isomiso samadoda aqotho,
Ngenxa yokwentula inkuliso eqotho,
Ukwentula ukunakekelwa,
Ukwentula imfundiso,
Ukwentula ikhaya elifudumele.

Imbewu enhle,
Wonke umnumzane uyayifuna,
Wonke umzali uyayifuna,
Imbewu ezokwandisa izithelo,
Imbewu ezohlwanyeleka emhlabathini ovundile,
Ikhule kahle,
Ingaminyaniswa amaloyi.

Imbewu ethela izithelo,
Yileyo enakekelwayo,
Yileyo ehlakulelwayo,
Yileyo eniselwayo,
Echelelwa amanzi,
Ze ingomi,

Yileyo ezimpande zayo
Zidephile,
Zidephele ukumunca amanzi emhlabathini.
Imbewu enhle,
Imbewu yezithelo,
Imbewu yesivuno.

Kulukhuni

Uyadela owaziyo,
Ukuthi konakalaphi?
Uthi uyakha kubhidlike,
Impela kunzima.
Le nto yehlula amaxhegu,
Agcina ngokuzinikela ophuzweni,
Ngisho nesithembu sahluleka,
Baqinisile abathi 'ubudoda kabukhulelwa',
Usathola insizwa encane iganiwe,
Uthole ixhegu lizulazula,
Engekho umlingani,
Uma ekhona, sekuyimihabulo yebandla,
Uzwe abanye bethi kulukhuni ukuba yindoda,
Besho beqinisile,
Akuyona iminyaka ukuba yindoda,
Akusikho ukuganwa kuphela,
Kepha kuyindlela yokuziphatha,
Ukuba ngoqotho,
Ukuziphatha ngesinono,
Ukukhuluma ngesizotha,
Ukuhlonipha abanye abantu,
Ze nawe uzohlonishwa,
Konke lokho kuwubudoda.

Kulukhuni ukuba yindoda,
Ngoba kudinga ubuqotho,
Kulukhuni ukuba yindoda,
Ngoba kubiza izinkinga,
Izinkinga ezingapheli,
Eziphela ebandleni,
Ingani injobo ithungelwa ebandla,
Okwehlula amadoda kuyabikwa.

Ngifisa ukwazi

Ngiyafisa ukwazi,
Ukuthi ngiwazela kuphi,
Amacala enu?
Njengoba nami nginawami nje,
Eyezinhlanhla yona kangiyazi,
Ukuthi ngizozithatha kuphi,
Ngoba nami ngiyazidinga.

Abantu behluleka ukuzehlisa,
Bavume amaphutha abo,
Balungise lapho bone khona,
Baqoma ukulanda mina,
Ngimangale ukuthi mina,
Ngizobasiza ngani.

Ngingcono mina,
Ngiyawavuma amaphutha ami,
Ngiyavuthuzwa ngenduku,
Liphele icala,
Wena uhlale uphika,
Awuvumi lutho,
Isisombululo sakho yimi,
Kube kungeyimi,
Isisombululo sakho nguwe,
Zifune uzithole, uzilungise,
Lapho wone khona.

Ngilandwa ngiseqeleni,
Ngizidlela uhlaza,
Nginombela emithini,
Ngidla amaqabuka,
Kumnandi kudelile,
Kanti bangihlelele umcimbi,
Ngibulawelwa ukuyoshwelezela bona,
Ngiyoshweleza amacala abo
Amacala engingawazi.

Inkosi impela ngiyafisa ukwazi,
Ukuthi ngonani mina,
Njalo nje ngihlale ngiyinhlawulo yenu,
Anizihlawuleli ngani nina amacala enu?
Ngoba niyawazi,
Mina kangiwazi nhlobo.

Iqola

Iqola,
Inyon' emabala amhlophe namnyama,
Inyoni engugombela,
Inyoni edla ezinye,
Ethi ingabona enye,
Iyibulale, qede iyidle,
Ayifuni ukubona enye,
Ifuna kuphumelele yona,
Ezinye cha.

Kazi umona owani?
Olwani unya olungaka?
Wena ufuna ukuphumelela wedwa?
Abanye bengaphumeleli?
Ungumuntu onjani wena?
Udla abanye abantu,
Ubonakala ngemibala emibili,
Ukuthi awuqondakali,
Akekho okuqondayo,
Uzazi wena kuphela,
Udla amandla abanye,
Bayazizamela,
Wena uyabephuca,
Ubona kufanele wena,
Cha awudeli!
Qola lansondo!

Uyadela Dade!

Cha uyadela bo!
Thina siwa sivuka,
Wena ulala uvuka,
Ufuna siphe wena,
Konke esikuzuzayo?
Cha ngeke!
Lingawa licoshwe zinkukhu.

Impela baqinisile,
Abathi isambane,
Simba umgodi singawulali,
Siwa sivuka,
Siyozizamela impilo,
Wena ulele,
Ukhohliwe ukuthi:
Ayikho inkomo yobuthongo,
Ikusasa liyafukuzelwa,
Akekho ofukuzela omunye,
Esinakho kungamandla ethu.

Nawe unezandla,
Vuka uzithathe,
UMdali usiphile sonke,
Inggondo nezandla,
Amakhono nesikhathi,
Isikhathi sokwenza konke,
Konke esikucabangayo,
Pho wena ulindeni?
Ulinde amathonsi abanzi?
Awazi ukuthi izinsuku
Zingomathanda ukwenzelwa?

Mfundisi

Mfundisi weNkosi,
Musa ukwedukisa isizwe,
UMdali akasiye umlungu,
UMdali akabonwa,
Akayona inyama.

Ukushumayela ngesiNgisi,
Akusho lutho,
Ushumayeza abamnyama,
Kepha ngesiNgisi,
Uqondeni ngalokho?
Ushumayela bashaye ihlombe,
Ucabanga ukuthi bayakuzwa,
Kanti ukhuluma wedwa,
Bakwenza isiphukuphuku,
Bakwenza isithuphethu,
Ingani uyilulwane,
Unguthathekile,
Shumayela ngolimi lwakho,
Bazokuzwa.

Ulimi lwakho,
Luhamba nemizwa yakho,
Okusho ngolimi lwakho,
Kusheshe kuzwakale,
Ngoba kusuka enhliziyweni,
Okusho ngesiNgisi,
Kuyathathela,
Ngoba akusuki enhliziyweni,
Kusuka ekuzaziseni,
Nasekuziphakamiseni.

Waguga mhlaba

Waguga sifika,
Siyothi sabonani?
Uma singakubonanga,
Sikuzwa ngendaba konke,
Akukho esikwaziyo,
Konke kuwumlando,
Pho ugugelani mhlaba?

Nathi sisafisa ukukubona,
Pho sokubona kanjani?
Uma usuguge unje?
Abakwazi usemusha,
Baxoxa abaqedi,
Ngobumnandi owawuyibo,
Thina sixoxa ngobubi bodwa,
Ubugebengu insakavukela umchilo wesidwaba,
Ukucwasana kudlangile,
Ingabe kuseyikho?
Izilwane zilwa zodwa,
Iziboshwa zilwa zodwa,
Abampofu balwa bodwa,
Abacebile bahlakaniphela abampofu.

Abadala bathi umhlaba uyagoqwa,
Bathi kwakumnandi kudala,
Ihlazo lomunye lalifihlwa,
Kwakunakekelwana,
Kwakungekho ukuklwebhana,
Kuhle kwamakati nezingcanga,
Uthando lwaluyingqayizivele,
Hhayi lolu lwanamhlanje,
Umjolo usubizwa ngothando,
Uma omunye ethi uthanda omunye,
Kucatshangwa ukulalana.

Zahamba izinsuku,
Umhlaba uyagoqwa,
Umhlaba uyakhathala,
Ubuyela lapho uvela khona,
Ukhathele yithi,
Kazi sizoba yini?
Ngaphandle kwakho Mhlaba?
Kungenzeka nathi siyagoqwa?
Mhlawumbe sekunjalo,
Nakhu kungcwatshwa nsuku zonke,
Ukufa kudlangile,
Kudla ifumuka, kudle isitshodo.

Sgelekeqe

Ungena ngomfanti,
Ungena kuvaliwe,
Ngoba uhlose ukweba,
Awuchithi sikhathi,
Ubheka intuba ungene,
Angisayiphathi eyabashiya
Bevule iminyango ezindlini,
Awubuzi lutho.
Uvele usho phakathi,
Ufike utape konke.
Ushiye ongakudingi,
Bayothi befika abanikazi,
Bathole kukhala ibhungane,
Usushaye wachitha nezimpahla zabo.

Lapho isililo,
Ubumaye maye!
Bekhalela okwabo okungasekho,
Obekuyigugu labo,
Igugu lokuqala lokugcina.

Lapho kudlule wena khona,
Kuyabonakala,
Obathole endlini basala bemidwa midwa,
Kwazise awubancengi,
Uthatha ngendluzula,
Uzisikela kwelinonile,
Ushiye izinsalela,
Onqwahayo, uyamlwisa,
Ovumayo awumthinti,
Lapho sewenelisekile,
Uyedlula,
Uyobhubhisa phambili,
Nakhona yiso lesa,
Ulwa nokulwisayo,
Unethezeke kokuthambelayo.

Ukuba Ngiyazi

Anginayo impendulo,
Okwenzekile,
Sekufana nokudaliwe,
Sengifana nesivakashi,
Kweyami impilo,
Konke okwenzakalayo,
Kuyangethusa,
Kuyangidida,
Kuyangicanuka,
Ngiba sathe ngiyaninga,
Lutho impendulo,
